basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NHLABA/NHLANGULANA 2026

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 10

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-11.

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)

1.1 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Makalandise ngento eyenzeka ehamba nomuntu othize. Isb. Umsindo nesithunzi esasithela ngokushesha okwabethusa bengazelele baze babaleka, njl. **[50]**

1.2 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Makachaze ubuqola obahlukene ezindaweni ezahlukene. Isb. Ukuthathelwa Kwabantu Imali/Ifenisha, Ukusayiniswa ngobuqili into ongayivumanga, njl. **[50]**

1.3 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Makaninge ngezimo ezinhle ezahlukene okungathi uma uzibukela kude kube sengathi ngeke zenzeke. Uma usuzizama zenzeke ngempumelelo, njl. **[50]**

1.4 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Makaveze izinhlangothi ezimbili okungukuvumelana kanye nokungavumelani nombono. Ekugcineni makaveze uhlangothi lokuhambisana nombono noma lokungahambisani nombono. Angabhala ngesimo esihle. Isb. Angabhala ngamathuba amaningi angawathola uma ephethe isitifiketi sikamatikuletsheni. Angaphinde abhale ngezingqinamba obhekana nazo uma ufunde wagcina kumatikuletsheni, njl. **[50]**

1.5 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko ngokukhetha uhlangothi olulodwa oluzofakazela ukuvumelana noma ukuphikisana nesihloko.

Ukuvumelana: Ohlolwayo makaveze izibonelo zabantu abasizakale empilweni nakuba bebengenawo amandla okukhokhela imishanguzo, nokubonwa ngodokotela, njl.

NOMA

Ukuphikisana: Ohlolwayo makaveze izinkinga zokuthutheleka kwabantu abaqhamuka emazweni angaphandle ngoba befuna ukuzothola usizo lwamahhala ezibhedlela zikahulumeni, njl. **[50]**

1.6 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Angachaza ukuvuka uzenzele/ukuthwala kanzima ngenxa yesimo somnotho. Ukungalekelelwa izinhlaka ezithile zikahulumeni. Isb. sesihloko, Ukusebenzisa Amakhono Ahlukahlukene, Ukuzakhela Elakho Ibhizinisi, Ayikho Inkomo Yobuthongo, njl. **[50]**

1.7 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe.
Isb. sesihloko, Umnotho Wezwe Okhuliswa Umcebo Ombiwa Phansi, Ubugebengu Obenziwa Ngabantu Abadayisa Amadayimane Ngokungemthetho, Isipho Sedayimane Siyigugu Kakhulu, njl. **[50]**

1.8 Ohlolwayo makanike indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isb. sesihloko, Izingxabano Zabazali Mazingahlukumezi Ingane, Kubuhlungu Ukwahlukana Kwabantu Abashadile, Saphinde Sabuyelana Ngenxa Yokucabangela Izingane Zethu, njl. **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

QAPHELA:

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniswe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho: okuqukethwe nolimi, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenye. Ayikho ingxenye engenhla noma engezansi.

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50]

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
OKUQUKETHWE KANYE NAMALUNGISELELO (Izimpendulo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyihlelela amalungiselelo Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo **AMAMAKI ANGAMA-30**	**Ingxenye engenhla**	**28–30**	**22–24**	**16–18**	**10–12**	**4–6**
		-Impendulo enembayo ngaphezu kobe kulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle impela -Imibono eshaya emhlolweni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo eyenelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlolweni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana	-Impendulo enhlanhlathayo -Imibono edidayo nenganembi -Akuzwakali kunophindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana
	Ingxenye engezansi	**25–27**	**19–21**	**13–15**	**7–9**	**0–3**
		-Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo eyenelisayo kodwa intula ukucacisa -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka -Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo engashayi emhlolweni -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho	-Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko -Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene -Akuqondene nesihloko futhi kuphithene

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50] (ayaqhubeka)

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo, ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi **AMAMAKI AYI-15**	**Ingxenye engenhla**	**14–15**	**11–12**	**8–9**	**5–6**	**0–3**
		-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Ithoni ekhomba ukuphoqa kanye namasu obuciko obunembayo -Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelweni kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle kakhulu	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo kusendimeni -Ithoni ifanelekile -Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe	-Ulimi aluqondakali -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda
	Ingxenye engezansi	**13**	**10**	**7**	**4**	
		-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	-Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle	-Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo	-Ukusetshenziswa kolimi okunamaphutha -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo	
ISAKHIWO Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho **AMAMAKI AYISI-5**		**5**	**4**	**3**	**2**	**0–1**
		-Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu	-Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukucacisa okuhle, -Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile	-Ukuthuthuka kwendaba okusendimeni -Imisho, izigaba kwakheke kahle -I-eseyi isenawo umqondo	-Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha	-Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo

Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.
NQ – ukunqamula
PND – ukuphindaphinda
PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.
L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.
GN – igama elingcono.
NK – inkathi engemukelekile.
GL – amagama awalandelani ngokufanele
KM – akwenzi mqondo.
ISIV. – isivumelwano esinganembi.
AK – akudingekile.
AP – i-aphostilofi engemukelekile.
R – irejista.
// – khombisa isigaba esisha.
^ – kunegama elingekho/ uphawu .
/ – ukwehlukanisa amagama.
‿ – ukuhlanganisa amagama.
√ – ulimi oluhle.
} KM – isigaba esingenzi mqondo

AMAKHODI AMAMAKI

Q = 30
L = 15
SK = 05
50

OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obemukelekile.

- Umzimba:
  (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  (ii) Zihleleke kahle: Isigaba siqala ngomusho oyinhloko bese siba nemisho esekelayo. Masibe nomqondo ophelele.
  (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.

- Isiphetho:
  (i) Siyisigaba esisodwa.
  (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka.

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

OKULINDELEKILE

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Ikheli elilodwa lobhalayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isb. (14 Nhlaba 2026/14-05-2026/ 14 Meyi 2026)
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. Nosipho/Sipho
- Isigaba sokuqala angaqalisa kanje: Isb. Ngiyathemba …, Ngiyaxolisa… Ngabonga …
- Isigaba sesibili masikhulume ngengqikithi yencwadi (ukuzwelana nomngani wakho ngengozi emehlele)
- Isigaba sesithathu ukuphetha incwadi.
- Ohlolwayo makasebenzise ulimi olwamukelekile nerejista efanele.
- Makavalelise akhombise ukumazi lowo ambhalelayo. Isb.
  Yimina umngani wakho/ umfundi enifunda naye
  u-Amahle

[25]

2.2 INKULUMO ELUNGISELELWE

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Isihloko: Makuvele lokhu:
  Inkulumo yethulwa ngubani, uhlobo lomcimbi, usuku, kuhlangenwe kuphi.
- Ukubonga ithuba abingelele izethameli zomcimbi ngokwehlukahlukana kwazo.
- Ukungenisa inkulumo yakhe anamathele engqikithini azokhuluma ngayo.
- Emzimbeni: Makuvele lokhu: Isb.
  Ukuveza ukubaluleka kokwenzelwa umcimbi, ukumbongela ngeminyaka asekuyona nokumfisela unwele olude.
- Angayiphetha ngokunikeza izeluleko nakwabanye ontanga ukuze abazali abamenyiwe bagqugquzeleke ukwenzela izingane imicimbi.
- Angavalelisa ngokubonga ithuba lokuba yisikhulumi esimele abangani nenhlonipho ayinikezwe izethameli ukuba zimlalele.

[25]

2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:
I-Ajenda Yomhlangano Wentsha

Usuku: 13 Mandulo 2026
Indawo: 8 Woodbush Street,Umthambeka Section, Tembisa,1632/ Ehholo
Isikhathi: Ngehora le-10 ekuseni

1. Ukuvula
2. Amazwi okwamukela
3. Abakhona nezixoliso
4. Ukufundwa kwamaminithi omhlangano odlule
5. Ezivuka emaminithini
6. Ezosuku/Ezintsha: Ukulwisana nesihlava sokudla izidakamizwa.
   - 6.1 Ukukhethwa kwekomiti elizobhekana nezinkinga zabasha besigceme/besigodi ohlala kuso.
   - 6.2 Uhla lwezidingo zentsha ezingalekelela/ezingabasiza ukubagcina bengadli izidakamizwa.
   - 6.3 Isamba semali engasetshenziswa ukuqhuba imikhankaso ukusiza asebeyimilutha.
7. Ezingxube/Ezixubile
8. Usuku lomhlangano olandelayo
9. Ukuvala

Ohlolwayo ulindeleke ukuba:

- abhale amaminithi omhlangano ngenkathi edlule
- alandele i-ajenda yamaminithi omhlangano
- abhale amaphuzu abalulekile ashiwo yizikhulumi
- abhale iziphakamiso kanye nezinqumo

[25]

2.4 INKULUMO-MPENDULWANO

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Inkulumo-mpendulwano mayibe nesihloko. Isb. Inkulumo-mpendulwano Phakathi Kukathishanhloko Nomfundi
- Isingeniso/isethulo sifakwa kubakaki, esiveza amagama abo, indawo, isikhathi.
- Obhalayo makabhale amagama abalingiswa ngakwesokunxele.
- Umzimba: Mayikhule inkulumo-mpendulwano yabo kodwa inamathele esihlokweni abasinikiwe: Inkulumo-mpendulwano nothishanhloko mayelana nokubhala imibhalo elumelayo ezindongeni zesikole.
- Isiphetho: Makuvele ukuthi kuzonqandwa kanjani ukubhala inkulumo elumelayo ezindongeni zesikole, njl.
- Makasebenzise ulimi olufanele/irejista efanele.
- Makayiphethe kahle inkulumo-mpendulwano yakhe.

[25]

2.5 **I-IMEYILI**

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Ikheli elilodwa lobhalayo Isb. **Ivela ku:** khumalo.d@gmail.com
- Ikheli elilodwa lobhalelwayo. Isb. **Iya ku**: stcounsel@localgovernment.gov.za
- **I-ATHASHIMENTI** amadokhumenti/imiqulu enikeza ubufakazi
- **Isihloko:** Ingqikithi yesihloko/asiqonde ngqo.

Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma … Mnumzane/Nkosazana

- Isigaba sokuqala angaqalisa kanje: Ngiyilungu lomphakathi …
- Isigaba sesibili masikhulume ngengqikithi ye-imeyili (ukukhalaza)
- Isigaba sesithathu masikhulume ngengqikithi ye-imeyili nokuveza izikhalazo nezigigaba esezenzekile.
- Isigaba sesine ukuphetha i-imeyili; (Ngiyethemba ukuthi …)

Ohlolwayo makasebenzise ulimi/irejista efanele.

- Isiphetho: Makavalelise akhombise ukuzithoba kulowo ambhalelayo. Isb. Yimina ozithobayo

  _____
  uDuduzani Khumalo

QAPHELA: Isakhiwo se-imeyili masilandele lesi sibonelo: **[25]**

Ivela ku: khumalo.d@gmail.com
Iya ku: stcounsel@localgovernment.gov.za

Cc: (Abanye abathunyelelwe)

Bcc: (Abanye abathunyelelwe kodwa befihliwe)

Isihloko: Isikhalazo Ngamathuba Omsebenzi

Isibingelelo

Isigaba sokuqala: Ngiyilungu lomphakathi

Isigaba sesibili: Ingqikithi ye-imeyili mayiveze ukukhalaza

Isigaba sesithathu: Ingqikithi ye-imeyili nokuveza izigameko nobufakazi bokukhethwa kwabantu ababodwa kuphindelelwa

Isigaba sesine: Umugqa wokuvalelisa

I-ATHASHIMENTI: 📎 Amadokhumenti anikeza ubufakazi

Isiphetho:
Yimina ozithobayo
uDuduzani Khumalo

Isengezelelo: Cc- Carbon Copy (Yilabo abathunyelelwayo kepha bengafihliwe)

Bcc – Blind Carbon Copy (Yilaba ababhalelwayo nabo kepha bebe befihlakele ukuthi bayitholile)

2.6 **ISIBUYEKEZO**

- Ohlolwayo makaveze la maphuzu abhekise kulo mcimbi wokubungaza amagugu esintu endaweni yangakubo.

  Isihloko: Isb. Isibuyekezo Somcimbi Wokubungaza Amagugu Esintu

  - Abahleli bomcimbi, abaxhasi bomcimbi, abadidiyeli, indawo nosuku owawenziwe ngalo
  - Imininingwane yohlobo lomcimbi
  - Uthathe isikhathi esingakanani
  - Imininingwane yabahleli nabaxhasi bomcimbi
  - Isibuyekezo somcimbi ngamafuphi kanye nokuphawula ngabantu ababesohlelweni
  - Ukuphawula ngokuhle kanye nokungekuhle ngokwenzeka emcimbini.

Isiphetho sesibuyekezo: Makuvele umbono wohlolwayo ngalo mcimbi. Angancoma noma agxeke. **[25]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWASEKHAYA INCWADI YOBUNGANI/INKULUMO ELUNGISELELWE/I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO/INKULUMO-MPENDULWANO/I-IMEYILI/ISIBUYEKEZO [AMAMAKI ANGAMA-25]

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO & NEFOMATHI Impendulo kanye nemibono Ukuhlela imibono ukuze kube namalungiselelo Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo **AMAMAKI AYI-15**	**13–15**	**10–12**	**7–9**	**4–6**	**0–3**
	-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Ifomathi efanelekile necacile	-Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni -Kunamaphushana -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Ifomathi efanele enamaphushana	-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni – inamaphutha esendimeni -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa	-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha amaningana -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi -Kukhona okumbalwa okubalulekile	-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amakhulu -Imibono ayilandelani sanhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi
ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi **AMAMAKI AYI-10**	**9–10**	**7–8**	**5–6**	**3–4**	**0–2**
	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha sanhlobo	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Kunamaphushana	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo awusalandeleki kahle	-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu